PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ZWAKALISA UVO LWAKHO

UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA UMTHETHO KAZWELONKE WEZOKUTHUTHA EZIHAMBA PHANSI [B7 – 2016]

Isimemo sezinye izethulo zomphakathi

IKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezokuThutha limema abantu abanentshisekelo kanye nababambiqhaza ukuba bathumele ezinye izethulo ezibhaliwe mayelana noMthethosivivinywa wokuChibiyela uMthetho kaZwelonke wezokuThutha ezihamba phansi [B7 – 2016] njengoba umayelana nokuchibiyela okuphakanyisiwe okungaphezu kwalokhu okuhlinzekelwa uMthethosivivinywa.

UMthethosivivinywa wadluliselwa eKomidini mhla ziyi-15 kuMbasa wezi-2016. IKomidi labamba izigcawu zomphakathi lase libheka ukuchibiyela okuphakanyisiwe kuMthethosivivinywa. Ngenkathi libheka lokhu okushiwo ngoMthethosivivinywa nangesikhathi sezigcawu zomphakathi iKomidi labona kunesidingo sokuthi kuchitshiyelwe okunye okuhlinzekelwa uMthetho wokuqala okwakungafakiwe kuMthethosivivinywa, ngalokho libe selelula isikhathi sokukhulumisana nabantu ngale mishwana emisha.

Lezi zichibiyelo ezintsha, ezingakafakwa kuMthethosivivinywa wokuChibiyela uMthetho kaZwelonke wezokuThutha ezihamba phansi [B7 – 2016] phakathi kokunye, zizofaka nokufakwa kwemishwana kuMthethosivivinywa ezovumela isishayamthetho sesifundazwe ukuthi sisungule uphiko olungunyaziwe lwesifundazwe lwezokuthutha.

Kucelwa ukuba kuthunyelwe ukuphawula okubhaliwe ngokuchibiyela okuphakanyisiwe okutholakalayo kusizindalwazi sasePhalamende **www.parliament.gov.za.**

Imibuzo, kanjalo neziphakamiso ezibhaliwe, zingathunyelwa eKomidini lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezokuThutha, zibhekiswe ku-**Valerie Carelse**, 3rd floor, W/S 3/79, 90 Plein Street, Cape Town, 8001, noma zithunyelwe nge-imeyli ku- **vcarelse@parliament.gov.za**. Okunye mayelana nokuphawula okubhaliwe, sicela usho uma uzofisa ukwenza isethulo ngomlomo phambi kweKomidi.

Usuku lokuvala lokuthunyelwa kwezethulo ngumhla ziyi-17 kuLwezi wezi-2017.

Amakhophi ezichibiyelo eziphakanyisiwe kanye nawoMthetho kaZwelonke wezokuThutha ezihamba phansi, 2009 (uMthetho Nombolo 5 wezi-2009) angatholakala ku-**Valerie Carelse** kule nombolo yocingo: **021-403 3272**, umakhalekhukhwini **083 709 8445** noma **www.parliament.gov.za.**

Ikhishwe nguNks DP Magadzi, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomisi lesiShayamathetho sikaZwelonke kwezokuThutha.